

**INCWADI-SETHULO EMUMETHE IZIKHALO ZOMPHAKATHI
WAKWAMPUKUNYONI**

**IBHEKISWE EMNYANGWENI WEZIMAYINI (DMR) MAYELANA
NOKUHLUKUMEZEKA KOMPHAKATHI WAKWAMPUKUNYONI YIMAYINI
ITENDELE.**

YETHULWE KUNGQONGQOSHE WEZOKUMBIWA PHANSI (DMR). : MNUMZANE GWEDE
MANTASHE

YETHULWA NGUSIHLALO WENHLANGANO ENGENZI NZUZO ELWELA AMALENGELO
OMPHAKATHI KANYE NEZENTUTHUKO (MCPA). : MNUMZANE BONGANI PEARCE

ISITHULO NGQANGI

USUKU: 22 SEPTEMBER 2018

Thina njengezakhamuzi zakwaMpukunyoni sikuqonda kahle ubumqoka bentuthuko phakathi kwesizwe nasesikhathini samanje, kodwa akufanele intuthuko ingene ngendlovu-yangena phakathi kwabantu, ikakhulukazi uma ifika abantu bakhile endaweni.

Kufanele kube nokuhlala phansi kuboniswane ngobuqotho nangeqiniso ngaphandle kokuqonelana. Uma kuxoxwa akufanele kube nomuntu ogabisa ngamandla akhe nangezikhwepha zemali yakhe ecindezela abanye abantu esebenzisa ukungazi, ukungaqondi kwabo kanye nobubha obubaphetheyo.

Sikusho lokhu ngoba sikuqonda kahle ukuthi uMnikazi walelizwe – “Indlovu edla ofakazi” iNkosi ekhotheme ngesikhathi ihlonza ukuthi kube khona ucwaningo lokumbiwa phansi ezweni layo, yayinezinhloso ezinhle futhi inephupho elihle ngesizwe sayo nangabantu bayo jikelele.

Ayikaze ibe nomqondo ophuphile okuwumqondo wokuhlukanisa isizwe sayo phakathi ngokuthi kube khona ababekwa amabala baze bacindezelwe, ngenxa yokuthi nje iqiniso beliphenduke intandane. Siyazi futhi ukuthi yayiqonda kahle ukuthi yayithini uma ikhuluma ikhuthaza umgomo wokuxoxisana nokubonisana ngeqiniso, lokhu thina bantu besizwe sakwaMpukunyoni esibona imayini nezikhulu zayo sezikushalazela, yingakho sithi umlando uyakuveza, futhi uyokuveza nasezizukulwaneni ezizayo ukuthi akukaze kube nje lapha kwaMpukunyoni, esikubonayo kusha kufana nenganekwane kithi eyethiwa emini kwabha okufanele ngabe empeleni siyifakela izinti khona singeke simile izimpondo.

Ngakho-ke ngalezikhalazo zethu asiqondile ukuphebeza iphupho nombono weNkosi yethu kodwa siqonde ukuliphumelelisa leliphupho futhi siqiniseke ukuthi umbono wayo Inkosi uyafezeka jengoba unjalo. Inkosi yayifisa ukuthi kube nezinguquko ezingcono ezimpilweni zabantu bayo ngokusebenzisa amagugu ambiwayo akhona esizweni sayo, ngokuthula, uxolo, ukubambisana, ubuqotho nangeqiniso ngaphandle kokucindezelana. Inkosi yayinenkolelo ethi uma kufika intuthuko kofanele kuboniswane ngayo bese ihlengiswa ngokuvumelana nesizwe ukuthi izoyiswa kanjani phambili ngaphandle kwempoqo nokusatshiswa.

Yingakhoke sithi asize namuhla lapha emva kokuzama kaningi ukuthola umnyango wezokumbiwa phansi ukuthi usixazululele lenkinga esibhekene nayo, kodwa nawo uhluleka ukuthi uthole isixazululo. Sinethemba namuhla ukuthi njengoba kukhona uMphathiswa womnyango isixazululo sizoba khona.

IZIKHALO ZETHU

1. Ukuzishaya ngendlebe etsheni kwethu izikhulu zemayini zingafuni ukuxoxisana nathi singumphakathi, kodwa zibe zisebenza phakathi kwethu.
2. Ukubukelwa kwethu phansi yilabo abawudibi lwezikhulu zemayini.
3. Ukuhudulelwa phansi kwesithunzi sethu nokungahlonishwa kwamasiko namagugu ethu njengesizwe sakwaMpukunyoni ngenxa nje yebala lethu, okuyinto esikholelwa ukuthi umthetho-sisekelo walelizwe uyikhaba ngazozombili izinyawo.
4. Ukuhlafunelwa kwethu ngabanye abafana besekuthiwa thina siminze amakhavilithi, asikufuni nangebhadi.
5. Ukusebenza kwemayini igijimise ogandaganda abakhulu phezu kwamaliba okhokho bethu ngaphandle kokuhlonza.
6. Ukuvunjululwa kwamaliba namandlinza ezinyandezulu zakwaMpukunyoni anekelwe izwe ngemishini le emba ngayo, kuze kubonakale izinsalela zamathambo azo, sifuna ukwazi ukuthi zabekwaphi, zashonswaphi lezozinsalela zokhokho?

7. Ukuqedwa kwamadlelo emfuyo yomphakathi, kanye nokubulawa kwemfuyo namatshe abhizayo uma kuqhunyiswa bese imayini iziqhelanisa nalokho ithi yona ayingeni ndawo izinkomo zizifela zona, kube kukhona ubufakazi bamatshe kanye namanxeba.
8. Ukusebenza kwemayini phakathi komphakathi ibe ingenazo izivumelwano nomphakathi wonke ohlukumezekayo.
9. Ukungcola kwamanzi emifuleni, emadanyini kanye namanzi avunwayo, lokhu osekuholele ekufeni kwemfuyo yomphakathi, okuthi uma ihlinzwa itholakale igcwele ilahle emathunjini seliyiqeqeba.
10. Ukugula kwamalunga omphakathi eguliswa udoti welahle osekudale ukuthi abanye bayovuka ezibhedlela abanye bayafa bafela emakhaya benganakwe muntu.
11. Umphakathi uhogela isisi okuqhunyiswa ngaso ngale kokuvikeleka osekudale ngisho izifo zofuba imbala.
12. Ukwazi nokuqonda abaphathi bemayini abasebenza nekomiti lakwaMpukunyoni.
13. Ukungabibikho kohlaka lomphakathi oluxhumanisa umphakathi nemayini oluqonda kahle izidingo zomphakathi.
14. Ukungabikelwa ngosonkontileka abasebenza endaweni yakwaMpukunyoni ngohlelo lwemayini.
15. Ukungathathelwa phezulu udaba lwebanga phakathi kwemayini nomphakathi
16. Ukungathathelwa phezulu udaba lomncele phakathi kwemayini nezakhamizi.
17. Ukungathathelwa phezulu udaba lwenzuzo yomphakathi wakwaMpukunyoni.
18. Ukungalungiswa kwendawo yokulondoloza abangcwele bethu uma bedlula emhlabeni.

19. Ukungakhokhelwa kwabasuswa ngezindawo zabo abasuswa kuzona.
20. Ukusatshiswa kwabantu ngobukhosi nangokuthi abanandawo, indawo ngeyabaKhwanazi, iphelelwe yisikhathi leyonto, inkosi yinkosi ngabantu.
21. Ukungagqizi-qakala kwemayini ngezindlu zabantu ezidabukayo uma kuqhunyiswa.
22. Ukungakhokhelwa kwamasimu abantu kanye namabhizinisi abo yimayini.
23. Akuyekwe ukusetshenziswa kophakimpi yimayini ibabiza ngosomabhizinisi abangabavikeli bemayini kodwa besabisa bekhomba abantu ngezibhamu.
24. Uhlelo lokuqashwa kwabantu maluvuleleke lube sobala imayini iyeke ukuqasha umndeni owodwa besale abasuswa nabantu abathintekayo besale bengaqashiwe.
25. Ukunikezela kwemayini imali kubantu abangabasoongi ukuze beqashe izinkabi zokubulala labo okusolwa sengathi bayizitha zemayini.
26. Ukungahlonishwa kwamalungelo abantu kanye nalabo abathinteka ngqo.
27. Ukungafezwa kwezethembiso zabantu yimayini.
28. Ukungaqedwa kwezingozi ezidaleka emgwaqeni ngamaloli asemayini.
29. Ukungahlonishwa nokufezwa kwezivumelwano ezenziwa yinkosi ekhotheme zifihlelweni ngoba yizo eziqukethe amalungelo abantu?
30. Ukwamukela kwesikhwama sesizwe sakwaMpukunyoni
31. Ukubeka obala kohlahlomali lokususwa kwabantu, nokuqedwa kokufunzwa kwabo ngamanani emizi yabo ngaphandle kokuba nezwi nombono wobuchwepheshe ngemizi yabo.

Yethulwe ngomhlaka 22 September 2018, kwaSomkhele Sports Ground, Mtubatuba.

Yethulwa : _____

Signature : _____

Ucingo : _____

Yamukelwe : _____

Signature : _____

Ucingo : _____